

ABSTRACT

Lolu cwaningo luzobheka amanoveli (Umshado, Ngiwafunge AmaBomvu) kanye nendaba emfushane yesiZulu (Ngumbuthuma-ke Lowo) enabalingisi besifazane futhi kubhekwe ukuthi ivezwa kanjani. Lolu cwaningo luzophinde luqhathanise indlela abesifazane abavezwa ngayo emibhalweni yesiZulu, izinkinga ababhekana nazo emshadweni nomthelela wamasiko nobudlwembe empilweni yabesifazane kanye nendlela abaphathwa ngayo emiphakathini nasemakhaya abashadele kuwo. Lolu cwaningo luzobheka umsebenzi wababhali nezifundiswa ngendlela abayibona ngayo indlela abantu besifazane abaphathwa ngayo, kanti lolu cwaningo luzophinde lubheke umlando weFeminizimu lapho abesifazane baqale bathatha izinyathelo zokulwela amalungelo abo nokulingana ngokobulili. Ukushintsha kwamasiko kungaba yinto embi noma ibe yinto enhle emiphakathini nasemindenini yethu ngoba ukushintsha kwamasiko kungasiza abantu bafunde ukuphila ngokulingana nokungacwasi ngobulili futhi bakwazi ukufunda ukuzwana nezinye izizwe.

IPHATHRIYAKHI, IFEMINIZIMU, ISIKO, ISITHEMBU, AMALUNGelo, UBULILI, KANYE NOKUHLUKUNYEZWA